# Izinhlangano zomphakathi azeneme ngesikhulu

**BONISWA MOHALE**

AMALUNGU enhlangano Abahlali baseMjondolo abefuna ukumudla luhlaza uMnuz Cyril Xaba wehhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natal bemsola ngokulahla uhla lwezikhalo zabo emgqonyeni.

Abahlali baseMjondolo bebemasha ngokuhlanganyela nabenhlangano yabantu abangasebenzi, abadobi nemiphakathi eyakhele iNingizimu yeTheku, bathe bakhathele nguXaba ohlale ethunywa ukuba alande uhla lwezikhalazo kodwa do izimpendulo.

Le mashi ebizwa nge-Anti Freedom Day ibingoLwesihlanu, isuke epaki kaBotha yayophelela eCity Hall.

Minyaka yonke Abahlali baseMjondolo ngokuhlanganyela nezinhlangano ezilwela amalungelo omphakathi bahlale bephambana nehlombe ngoSuku lweNkululeko, bamashe bakhale ngokungakhululeki kwabo.

Bebevutha bengabaselwe bekhuza iziqubulo ezithi "phansi ngoNigel Gumede" (oyinhloko yophiko lwezezindlu kuMasipala weTheku), akuxoshwe abakhohlakele kuMasipala weTheku, bebuye bacule nezingoma ebezichwensa amaphoyisa.

Bathe bakhathele wukushelwa yimijondolo, banxusa no-transnet ukuba angathuthukisi isikhumulo sezindiza esidala ngoba kuzolamba abalimi abasebenza kuleya ndawo.

UMengameli wale nhlangano uMnuz Sbu Zikode usole izikhulu zikaMasipala ngokungabi neqiniso, waze wakhuza nesiqubulo esithi "phansi ngamabhunu amnyama".

Bekukhona noNkk Nozipho Mteshana owayehola abantu abangasebenzi abangena, bazitapela ezitolo eminyakeni eyedlule.

Uthe abantu abakhululekile namanje ngoba imisebenzi ayikho.

UXaba ubonakele sengathi akudikizi kuye ngokuhhahhamezwa ngamalungu ale nhlangano. Uye wabachazela ukuthi akulona iqiniso ukuthi uhla lwezikhalazo ufike aluthathe kubona ngenhloso yokulifaka emgqonyeni kodwa sebeke baba nomhlangano noZikode nommeli wabadobi.




**ABAHLALI basemjondolo bamashe nezinye izinhlangano zomphakathi bethi abakhululekile yize sekuphele iminyaka engu-18 iNingizimu Afrika yathola inkululeko**
**Isithombe: BONGANI MBATHA**


FREE CELL PHONE WITH YOUR COURSE

SHORT COURSES:

| | | |
|---|---|---|
| Office Administration / Bank Telling | 3 Months | R 2 890 |
| | 6 Months | R 5 495 |
| Information Technology | 1 Month | R 1 395 |